


RIGHT2KNOW

# VIKELA IMININGWANE YAKHO YANGASESE!

INingizimu Afrika inomthetho omusha oqondene nokuvikela imininingwane yangasese noma eqondene nomuntu ngqo. Lo mthetho ungakuvikela kanjani ezinkampanini, nasezinhlakeni zikahulumeni kanye nasezigebengwini zobuchwepheshe be-inthanethi ezisebenzisa ulwazi oluqondene nawe ngqo ngendlela engafanele?

1

**UMthethosisekelo** uthi unelungelo lokugodla, futhi manje sekunomthetho omusha obizwa ngokuthi uMthetho Wokuvikela Imininingwane eqondene Nomuntu Ngqo, phecelezi i-Protection of Personal Information Act (okanye umthetho i-POPI) othi imininingwane eqondene nawe ngqo kumele ivikeleke.

Ngokwalo mthetho omusha, imininingwane eqondene nawe ngqo akuvumelekile ukuthi ithengwe noma ithengiswe. Lungasetshenziswa wumuntu onesizathu esifanelekile ngokomthetho – isibonelo, uma umnike imvume noma uma kunomthetho omgunyazayo.




## Iyini imininingwane eqondene nomuntu ngqo?

Imininingwane eqondene nomuntu ngqo iyinoma iyiphi imininingwane ekuhlonzayo, njengeminyaka yakho, ubuhlanga, ubulili, imfundo, imininingwane yakho yezempilo noma yezezimali, noma umlando wakho oqondene nokuboshwa noma umsebenzi.

Kubandakanya nemininingwane yokuxhumana nawe, njenge-imeyli noma inombolo yocingo.



**Kwenzekani uma imiingwane yami yebiwa noma isetshenziswa ngokungafanele?**

Xhumana noMlawuli Wezemininingwane ku-012 406 4818 noma ku-inforeg@justice.gov.za

2

## Uthini umthetho?

Umthetho i-POPI uthi izinkampani nezinhlaka zikahulumeni zingasebenzisa imininingwane eqondene nawe ngqo inqobo uma iqinisekisa okulandelayo:

- **Ukuvuleleka nokuba Nesibopho Sokuphendula:** Kumele ucaciseleke futhi kube nesibophezelo sokuphendula mayelana nokuthi, imininingwane eqondene nawe ngqo izokwenziwani futhi ngayiphi inhloso.
- **Inhloso ecacile:** Kumele kube nesizathu esifanele sokuqoqa imininingwane eqondene nawe ngqo, futhi isetshenziselwe leyo nhloso kuphela.
- **Ukuzibandakanya kwakho:** Kumele wazi ukuthi kungani kuzosetshenziswa imininingwane eqondene nawe ngqo, futhi kumele waziswe ngalokho. Unalo ilungelo lokuphoqa ukuthi isuswe imininingwane eqondene nawe ngqo, ngaphandle kwalapho ukuqoqwa kwayo kugunyazwe ngokomthetho!
- **Ezokuphepha:** Uma kusetshenziswa imininingwane yakho yangasese, kumele kuthathwe izinyathelo zokuyigcina iphephile futhi ivikelekile. Kumele waziswe uma kwenzeka kuba khona abeba imininingwane yakho bese batholā ulwazi ngawe ngokungafanele.

Uma kuba nomuntu osebenzisa imininingwane eqondene nawe ngqo ngokungafanele, noma omunye umuntu, unalo ilungelo lokudlulisa isikhalo ohlakeni olusha lukahulumeni lokuqapha ukuvikeleka kwemininingwane olubizwa ngokuthi uMlawuli Wemininingwane, phecelezi i-Information Regulator.

# PHOQELELA UKUTHI KUTHATHWE ISINYATHELO!

Iba yingxenye yomkhankaso wokuphoqelela ukuvikelwa kwemininingwane yakho.

**Sayina isikhalo lapha:**

r2k.org.za/protectmyprivacy

**Vikela imininingwane yakho yangasese!**

## Xhumana nathi

admin@r2k.org.za
021 447 1000
r2k.org.za
@r2kcampaign

Ikhishwe ngoJanuwari 2019

3

**Kodwa kunegimo ebandakanyayo:** umthetho i-POPI uthi le mithetho angeke isebenze uma imininingwane eqondene nawe ngqo isetshenziselwa okulandelayo: (1) ukuphepha kwezwe nokusebenza wamaphoyisa, (2) Inqubo yansukuzonke njengaleyo yabangani noma umndeni; (3) ubuntatheli obuphenya izenzo ezingalungile.

## Manje, ngabe kuhlale kudingeka imvume yakho?

Cha. Umthetho i-POPI uthi kunezinkathi lapho imiingwane yakho ingasetshenziswa ngaphandle kwemvume yakho, uma kunesizathu somthetho esifanele. isibonelo, uma kuphenywa ngobugebengu obubucayi, noma uma lapho kwenziwa umsebenzi okuvunyelwene nawe ngawo.



**Kwenzekani uma ngiba isisulu esigamekweni sokukhwabanisa?**

Uma ube isisulu esigamekweni sokukhwabanisa, ungathola iseluleko naku-SA Fraud Prevention Service (SAFPS): Shayela u-0860 101 248 noma uvakashele u-www.safps.org.za

4

## Pho, ingabe lo mthetho uyangivikela ngokukhuza ikhwela, kokuqondene nohulumeni?

Umthetho i-POPI uthi le mithetho ayisebenzi uma uhulumeni esebenzisa imininingwane eqondene nomuntu ngqo ukulwa nobugebengu noma ukuvikela ukuphepha kwezwe, KODWA inqobo uma kulandelea omunye umthetho, njengomthetho i-RICA, futhi lo mthetho uvikela imininingwane eqondene nawe ngqo ngokufanele. Uma imithetho kahulumeni yokuhlola ingavikeli imiingane yakho ngokufanele, kusho ukuthi iphule umthetho i-POPI.

## Umuntu angayigcina isikhathi esingakanani imininingwane yakho enqondene?

Umuntu angayigcina isikhathi esingakanani imininingwane eqondene nawe ngqo, kungaba inoma isikhathi esingakanani inqobo nje uma esayidinga, nokuthi kuncike ekutheni uyisebenzisela lokho eqoqelwe kona, noma uma kunomthetho odinga ukuthi igcinwe. Kodwa kumele isulwe noma ishabalaliswe imininingwane eqondene nawe ngqo uma singekho isizathu esisemthethweni sokuyigcina, noma uma ucela ukuthi ishabalaliswe*.

* *Lokhu akusebenzi uma kunomunye umthetho odinga ukuthi igcinwe – isibonelo, awukwazi ukuphoqa i-SARS ukuthi isule imininingwane njengomkhokhintela!*



## Noma kuphi lapho uya khona, imininingwane yakho iyaqoqwa!

Uma uthola uMazisi Wekhadi, uMnyango Wasekhaya uqoqa izinsalela zomunwe wakho futhi uskene ubuso bakho. Uma uthenga i-SIM khadi, umthengisi uthatha umazisi wakho nobufakazi bendawo ohlala kuyo. Uma uhamba emgwaqweni noma ungena onxanxatheleni lwezitolo, amakhamera ezokuphepha aqopha ubuso bakho. Uma ungena esakhiweni thizeni, onogada bazocela ukuthi ubhale igama lakho, imininingwane yokuxhumana nanenombolo kamazisi yakho ebhukwini lasegumbini lokwamukela izivakashi - ezinye izakhiwo eziphambili zize zithathe nezinsalela zeminwe yakho!

**Ubani oqoqa lemininingwane futhi isetshenziselwani? Igcinwa isikhathi esingakanani? Obani abakwazi ukufinyelela kuyo?**

***Uboblala ulungele ukubuza imibuzo!***

5

## Kodwa ilungelo lakho lokugodla alivikelekile!

Yize umthetho i-POPI uvikela ilungelo lakho lokugodla ngokwemibhalo, namanje awukasebenzi lo Mthetho! Kungani? Yingoba uMlawuli Wezemininingwane - uhlaka lukahulumeni lokuqapha olumiselwe ukuqinisekisa ukuthi umthetho welungelo lokugodla uyalandelwa – alusebenzi.

UMlawuli Wezemininingwane akakabaqashi abasebenzi abazokwenza umsebenzi wokuqapha. Lokhu kusho ukuthi akekho umuntu ozokhipha izinhlawulo noma ezinye izijeziso uma umuntu ehluleka ukuvikela imininingwane eqondene nawe ngqo. Ukushaya ngolonwabu kwezepolitiki kusho ukuthi okuyimfihlo kwethu akuvikelekile.

UMlawuli Wezemininingwane noMnyango Wezobulungiswa wethembisa ukukhipha usuku umthetho i-POPI ozoqala ukusebenza ngalo maduze.

***PHOQELELA UKUTHI KUTHATHWE ISINYATHELO!***

Iba yingxenye yomkhankaso wokuphoqelela ukuvikelwa kwemininngwane yakho yangasese: r2k.org.za/protectmyprivacy

#ProtectMyPrivacy
#HandsOffOurPrivateInfo

Pamphlet text by R2K and Open Democracy Advice Centre

